**USARS UYASEMUKELA ISINQUMO NGOMNU LUCKY MONTANA**

**Tshwane, 17 kuMfumfu 2025 —** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) luyasemukela isinqumo esikhishwe mhla ziyi-17 kuMfumfu 2025 yiNkantolo Ephakeme yaseNingizimu Afrika, eGauteng (inombolo yecala 2023-047735). Lesi sinqumo size emva kwesicelo esalethwa uSARS sokuba uMnu Tshepo Lucky Montana adlelwe impahla.

Mhla zi-5 kuNhlangulana 2024, uMnu Montana wafaka isaziso kanye nesitatimende esifungelwe ecela imvume yokufaka isitatimende esifungelwe sokuziphendulela ezinqubweni zokudlelwa impahla. Ngalokho-ke, mhla ziyi-14 kuNcwaba 2024, uSARS waletha isicelo sokuba sichithwe leso sicelo, ngokoMthetho 6(5) seMithetho Efanayo yaseNkantolo, ngelokuthi isitatimende sezizathu zikaMnu Montana sinezinsolo eziyihlazo, ezicasulayo, nezingenamsebenzi.

Mhla zingama-21 kuNtulikazi 2025, isinqumo seNkantolo savuna uSARS yachitha nezindleko isicelo sikaMnu Montana. UMnu Montana ufake isicelo sokuba aphikise lesi sinqumo. Lolu daba lwalalelwa mhla ziyi-17 kuMfumfu 2025 kanti isicelo leso sokuphikisa sachithwa nezindleko.

Inhlosu likaSARS ukugqugquzela umkhuba wokuthobela ngokuzithandela. Kuze kube manje, isikhungo sihlinzeka ngengcaciso nesiqinisekiso kubakhokhintela mayelana nezibophezelo zabo ngokomthetho futhi siyaqhubeka nokwenza kube lula ukuthobela ngezinkundla zedijithali zesimanje, nezenza kwenzeke lokho. Ngakolunye uhlangothi, uSARS uqinisekisa ukuthi ukungathobeli kuba nzima futhi kumbe eqolo kulabo abakhetha ngamabomu ukudelela izibopho zabo zentela.

Ephawula ngalolu daba, uKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe:

“USARS uyazi ukuthi iningi labakhokhintela lithembekile futhi lizimisele ukwenza okufanele ngokuhlangabezana nezibopho zalo zokubhalisa, ukubuyisa amafomu, kanye nokukhokha. Ngokulandela umyalelo wakwaSARS wokuqoqa yonke imali engenayo yesikhwama sikahulumeni, sizokwenza noma yini evunyelwe ngokomthetho ukufeza leso sithembiso. Ngokwenza kanjalo, uSARS uyohlale wenza futhi uhlonipha ilungelo labakhokhintela lokuhlola nokusebenzisa amalungelo abo aqinisekiswe ngokomthethosisekelo okuya ezinkantolo ukuze bafune noma yiliphi ikhambi abalithandayo. USARS ukholelwa ukuthi bonke abantu baseNingizimu Afrika

bayalingana phambi komthetho, futhi isikhungo siyalwe ngumthetho ukuthi sisebenzise izinhlinzeko zayo ngaphandle kokwesaba, ukuchema, noma ukubandlulula."

USARS angeke usabuye uphawule ngalolu daba.

Ngemibuzo kwabezindaba, sicela uxhumane ne: SARSMedia@sars.gov.za

IYAPHELA